YIZIPHI IZINKUTHAZO-MHLOMULO EZITHOLAKALAYO NGOKUBA YINGXENYE YOHLELO LOKONGIWA KOMNOTHO WEMVELO?

Lolu hlelo lokubhekela umnotho wemvelo lusebenza ngaphansi komgomo wokuthi inani lomhlomulo lincike ezingeni lokuzibophezela komnikazi noma umphathi wendawo. Ngaleyo ndlela iziqiwi njengezinga eliphezulu ekongiweni imvelo zithola ukwesekwa okuthe xaxa. Ukutholakala nokuhlinzekwa kwezinkuthazo-mihlomulo ezehlukene wuhlelo oluqhubekayo, kanti futhi lezikhuthazo-mihlomulo zehluka ngomnikazi nomnikazi ziya ngezidingo zalowo mnikazi noma umphathi wendawo. Izikhuthazo-mihlomulo ezingahlinzekwa zifaka (kodwa kungagcini lapho) ukuthola ukweseka ngobuchwepheshe kwezokuphathwa komnotho wemvelo. Phezu kwalokho, iNqubomgomo Yamareyithi yoMkhandlu WeTheku ihlinzekela ukuba kwehliselwe amareyithi abanikazi bomhlaba abayingxenye yohlelo lokongiwa kwemvelo enhlobonhlobo (kweyame emibandeleni ethile). Isibonelo, izindawo ezimenyezelwe ngokusemthethweni zaba ziqiwi ngokulandela uMthetho Wezindawo Ezivikelwe ka-2003 azifakwa kumareyithi. Iziqiwi ezingamenyezeliwe ngokusemthethweni zingahle nazo zifakwe kumareyithi, uma nje abanikazi sebethole isitifiketi sezemvelo (kweyame emibandeleni ekwiNqubomgomo Yamareyithi Kamasipala).

Imibuzo Nezimpendulo

Kungabe ubunikazi buyashintsha uma sewusayine isivumelwano sobambiswano ekongiweni kwemvelo?

Umnikazi wendawo uyaqhubeka abe ngumnikazi waleyo ndawo.

Ngubani obhala lesi sivumelwano?

Ngumkhandlu weTheku ngokubonisana nomnikazi wendawo noma omele umnikazi wendawo.

Kungabe kuphoqelekile yini ukuba abanikazi bezindawo abayingxenye yohlelo bahlukanise kabusha lowo mhlaba noma ingxenye yawo?

Umnikazi wendawo angahle adingeke ukuba avume ukuba kuhlukaniswe kabusha yakhe.

Ngubani ongabamba iqhaza ohlelweni lokongiwa komnotho wemvelo?

Nanoma imuphi umnikazi wendawo angaba yingxenye inqobo nje uma indawo yakhe ithathwa njengendawo ebalulekile kwezokongiwa kwemvelo ngohlelo lukaMasipala lokuhlola lwe-EMSCA

Kuzolekelela kanjani ukubamba iqhaza kwami ekongiweni kwemvelo?

Uyokwelekelela ekuhlangabezaneni nezinjongo zesifundazwe nezikazwelonke zokongiwa kwemvelo ngoba namuphi umhlaba onikelwe ngokusemthethweni ekongiweni kwemvelo ungathathwa njengovikelekile bese usetshenziselwa ukubala izindawo ezivikelekile

Ukuthola imininingwane ethe xaxa:
The eThekwini Municipality Environmental Planning and Climate Protection Department:
031 3117877/6
And see:
/http://www.durban.gov.za/City_Services/development_planning_managementÇ/environmental_planning_climate_protection

ENVIRONMENTAL PLANNING & CLIMATE PROTECTION DEPARTMENT
BIODIVERSITY | CLIMATE | PEOPLE

DMOSS
Local Action for Biodiversity

UHLELO LOKUBAMBISANA NABANIKAZI BEZINDAWO LOKONGIWA KWEMVELO

LUYINI UHLELO LOKUBAMBISANA NABANIKAZI BEZINDAWO NGOKONGA UMNOTHO WEMVELO?

Lolu hlelo lungukubambisa (okuhambisana nokuzibophezela ngesivumelwano) phakathi kwabanikazi bezindawo abazimele nabemiphakathi noMkhandlu weTheku. Lolu bambiswano lumayelana nokongiwa kwemvelo ezindaweni ezibaluleke kakhulu ngokomnotho wemvelo ezingaphansi kwabanikazi bomhlaba abazimele nabemiphakathi. Lumayelana nokukhuthaza ukubambisana ngomsebenzi wokwengamela umnotho wemvelo, kube kuvunywa ukuthi abanikazi bezindawo bangababheki nabaphathi bomnotho wemvelo osezindaweni zabo. Ukongiwa komnotho wemvelo kususelwa ekuzinikeleni ngokubamba iqhaza kwabanikazi bezindawo noma abaphethe izindawo. Lolu hlelo lokongiwa komnotho wemvelo luhlose ukukhuthaza ukuphathwa okusimeme kwezinsiza ezingaphandle kwezindawo ezivikelwe ezingaphansi kombuso. Lena yindlela ethathwa njengenenqubekela phambili yokufeza izinjongo zokongiwa kwemvelo nokwandisa izindawo ezivikelwe ngaphansi kombuso..

Lolu hlelo lokubhekela imvelo lususelwa kule migomo elandelayo:

- Isinqumo sokuthi uyalibamba yini noma cha iqhaza sincike kumnikazi wendawo noma umphathi wendawo.
- Imibono yabanikazi bomhlaba iyalalelwa bese kwenziwa imizamo yokubeseka ngezidingo zabo.
- Lugxiliswe ekongeni izindawo ezibaluleke kakhulu ngokokomnotho wemvelo ezingaphansi koMkhandlu weTheku
- Ludinga ukuzibophezela kubanikazi bezindawo okungaba isivumelwano esisemthethweni ukuze kuqinisekiswe ukongiwa kwemvelo okuqhubekayo.
- UMkhandlu weTheku uzinikele kulolu hlelo, izivumelwano zihambisana nezinsiza ukuqinisekisa ukuthi izizinda zokongiwa kwemvelo ziyesekeleka ngokuqhubekayo (kweyame ekutholakaleni kwezinsiza)
- Lumayelana nokubambisana okususelwa ekwethembaneni phakathi kwazo zonke izinhlangothi ezibandakanyekayo.

Impumelelo yokongiwa kwemvelo indinga ubambiswano nabanikazi bezindawo.

KUNGANI UMASIPALA WETHEKU WAQOKA UKUBHEKELA UMNOTHO WEMVELO?

UMkhandlu weTheku utholakala ngaphansi kwesifunda esibizwa nge-Maputaland-Pondoland-Albany, esingesinye sezifunda ezingama-35 ezithathwa njengezizinda ezibalulekile ngasemnothweni wemvelo emhlabeni jikelele. Lesi sifunda siyikhaya lezinhlobo eziyizi-7 000 zezimila, amaphesenti angama-25 alezo zimila zitholakala kulendawo kuphela. Ezentuthuko seziholele ekulahlekeni komnotho wemvelo. Ukulahleka kwemvelo akugcini nje ngokuphazamisa izinhlelo zokongiwa kwemvelo nangendlela imvelo esebenza ngayo kodwa kunomthelela ezimpilweni zabantu. Izindawo zemvelo zinokubaluleka okunhlobonhlobo okufana nezokungcebeleka kanye nezokufunda ngemvelo. Nakuba uMkhandlu weTheku nabambisene nabo benazo izindawo zemvelo ngaphansi kwezindawo zoMkhandlu weTheku kodwa umnotho wemvelo omningi usengaphansi kwabanikazi bezindawo abazimele kanye nabemiphakathi. Ngenxa yokuqonda lesi simo, uMkhandlu weTheku wathatha isinqumo sokuba nohlelo lapho wenza khona izivumelwano nabaphathi noma abanikazi bezindawo ekongiweni komnotho wemvelo okulezi zindawo zabo ukuze imvelo ivikeleke.



Ukubhekela umnotho wemvelo kuhlose ukusimamisa, ukucathulisa kanye nokukhuthaza (ngokuhlomulisa) abanikazi bezindawo nabengamele izindawo abazimele nabemiphakathi ukuze bengamele izingxenyana ezibalulekile zemvelo ezindaweni zabo.

KUNGABE UMKHANDLU WETHEKU UHLOSE UKUHLOMULANI NGOHLELO LOKUBHEKELA UMNOTHO WEMVELO?

UMkhandlu weTheku uhlose:

- Ukwandisa izindawo zokongiwa komnotho wemvelo eMkhandlwini weTheku ngokugqugquzela abanikazi bezindawo abazimele nabemiphakathi ukuba babe yingxenye yohlelo lokuvikela umnotho wemvelo.
- Ukwenza ngcono iqhaza loMkhandlu weTheku ekuphathweni nasekongiweni kwemvelo.
- Ukuqinisekisa ukuthi izindawo ezizimele, zemiphakathi nezombuso ezinomnotho wemvelo ezibalulekile zithola ukongeka futhi ziyaxhunyaniswa nezinye izindawo zokongiwa kwemvelo ukuze imvelo isebenze ngendlela efanele.
- Nokuqinisekisa ukuthi abanikazi bezindawo ababamba iqhaza kulolu hlelo banikwa ukwesekwa okufaneleyo.

ZIKHETHWA KANJANI IZINDAWO EZIBALULEKILE KWEZOMNOTHO WEMVELO?

Ukubhekela umnotho wemvelo kuqaliswa ezizindeni ezinohlonze nezibalulekile ekongiweni kwemvelo. Uhlelo lokubhekela umnotho wemvelo lugxile ezindaweni lapho inzuzo enkulu ingatholakala kusetshenziswa izinsiza ezincane. Ukukhethwa kwezinga lokuvikelwa komnotho wemvelo kuyokwenziwa ngokulandela uhlelo loMkhandlu weTheku olubizwa nge-Systematic Conservation Assessment (EMSCA). Umnikazi wendawo noma umphathi wendawo angaxhumana noMkhandlu weTheku noma uMkhadlu weTheku angaxhumana nalowo mnikazi wendawo noma ophethe umhlaba ukuze benze isivumelwano sokusebenzisana kulolu hlelo. Kunezivumelwano ezehlukene ezikhona (zichaziwe ngenzansi) zokongiwa kwemvelo ezingenziwa ukuze kwesekelwe ukusetshenziswa kwezinsiza ngokusimeme.

YIZIPHI IZINHLOBO ZEZIVUMELWANO ZOKUBHEKELA UMNOTHO WEMVELO EZIKHONA?

Kunezinhlobo ezahlukene zezivumelwano zokongiwa kwemvelo. Kusukela kwezingabophezeli kuya kwezibophezela isikhathi eside ezindaweni ezibekwe ngokusemthethweni ngokulandela uMthetho Kazwelonke Wokwenganyelwa Kwemvelo: Umthetho Wezindawo Ezivikelwe, ka-2003. Ukubaluleka komnotho wemvelo kuyabhekwa ukuze kubonakale ukuthi indawo ifanele liphi izinga. Iziqiwi nezindawo ezivikelekile ngamazinga amabili aphezulu kunawo wonke ohlelweni lokonga imvelo, ahlinzekelwe eMthethweni Wezindawo Ezivikelwe, ka-2003. Ziphathwa ikakhulukazi ekongeni umnotho wemvelo futhi zinegalelo (nakuba ubunikazi bungashintshi) emhlabeni osezindaweni ezivikelwe esifundazweni nakuzwelonke. Lezi zindawo zihlinzekela ukuvikelwa komnotho wemvelo kwesikhathi eside futhi kufakwa izithiyo ezithe xaxa ekusetshenziswen komhlaba uma kuqhathaniswa namanye amazinga. Ngalokho lezi zindawo zithola ukwesekwa okuthe xaxa ezikhungweni. Izivumelwano zokuphathwa komnotho wemvelo yizinkontileka zesikhashana futhi azifakiwe ngaphansi koMthetho Wezindawo Ezivikelwe ka-2003. Nakuba lezi zindawo zingafakiwe ezibalweni zikazwelonke zezindawo ezivikelekile, kodwa zinegalelo ekongiweni kwemvelo jikelele.

	Uhlobo lwesivumelwano	Umthetho	Isikhathi senkontileka	Ukubophezeleka kwezindawo	Isibophezelo kumnikazi wendawo
Ukubaluleka kwemvelo → Ukuvikeleka kwendawo → Ukuzinikela komnikazi wendawo → Ukwesekwa uMkhandlu weTheku	Isiqiwi	Umthetho Wezindawo Ezivikelwe, uMthetho 57 ka-2003	Iminyaka engama-30-99 noma ingunaphakade	Ukumenyezelwa kwendawo evikelekile nokufakwa kwezithiyo etayiteleni	Isivumelwano senkontileka
	Indawo evikelekile	Umthetho Wezindawo Ezivikelwe, uMthetho 57 ka-2003	Kusukela Eminyakeni engama-30	Ukumenyezelwa kwendawo evikelekile nokufakwa kwezithiyo etayiteleni	Isivumelwano senkontileka
	Isivumelwano sokuphathwa komnotho wemvelo	Umthetho Wezemvelo Enhlobonhlobo 10 ka-2004	Iminyaka eyi-5-10	Asibophezeli	Isivumelwano esenganyelwe wuMthetho Wezemvelo Enhlobonhlobo
	Isivumelwano sokongiwa komnotho wemvelo	Umthetho wenkontileka	Iminyaka eyi-5-10	Asibophezeli	Isivumelwano senkontileka
	Izindawo Okubanjiswene kuzo Ekongiweni Kwemvelo	Isivumelwano esingabhaliwe phansi	Asibophezeli	Asibophezeli	Asibophezeli